IZIDLALISWANO IMILOLOZELO NEZIQUBULO

ziqoqwa
nguBheni wakwaKhumalo eBaQulusini
- ubanjiswano olusaqhubekayo –
2009

(**VG** = Vika Gabela; **SM** = Sibongile Magwaza; **RK** = Robert Khumalo; **Th** = Thabiso Shezi; **VL** = Vusizwe Langa)

1	**inkukhu**
	Ikhuzen’ le nkukhu Ikhuzen’ le nkukhu Esuth’ isuth’ isuthé, Ikhwele phezu kweth’; Ikhuzen’ le nkukhu!
2	**umakhelwane**
	Mub’ umakhelwan’ Mub’ umakhelwan’ Esithi sakhelene, Ab’ ethuth’ izindab’; Mub’ umakhelwan’!
3	**uNothibhoyi**
	Wothatha, uthathe ngojeke! Ngojek’! Ngojeke, unik’ uJonatan’! UJonatan’! UJonatan’ abantwana bayashad’! Bayashad’!

	Bayashada, bahlel’ etafulen’! Etafulen’! Etafuleni kukhon’ uNothibhoy’! UNothibhoy’! UNothibhoy’ badonsa ngomlenz’! Ngomlenz’! Ngomlenze wekhehl’ el’dal’! El’dal’! El’dal’ uS’gaxa-mabhand’! Mabhand’! Mabhande, woza sihamb’! Sihamb’! Sihambe, s’ye kwaDlamahlahl’ KwaDlamahlahl’! KwaDlamahlahla … …. … !
4	**Hhey’ we mfana**
	Isilima somfana sithath’ ibhulukw’ silifak’ engalwen’; sithath’ ihemb’ silifak’ emlenzen’, sithath’ iz’cathul’ sizifak’ ezandlen’. Hhey’ we mfan’, vul’ izindlebe! Thath’ ibhulukw’ ulifak’ emlenzeni, uthath’ ihemb’, ulifak’ ez’ngalwen’, uthath’ iz’cathul’ uzifak’ ezinyawen’, uhambe mfana, uy’ esikolen’, uhambe mfana, uy’ esikolen’, **RK**
5	**we Mgqibelo**
	We Mgqibelo, hha! Mgqibelo, sakubona! Kade sakugcina. Sibulawa udledle; Udledle lwesikole. We Mgqibelo hha! **RK**
6	**kwaMatshekazi**
	Saw’bona wethu! Yebo wethu! `phumaphi na?

	KwaMatshekazi! Wadlani na? Iyambazan'! Lingani na? Ngomcelekeshan'! Abantu pho? Musa dade, m'sung'kholisa; `zimvemvane, ziyagcakagc' emagcaken' imbuzazan' ithwel' umqhel' ay'sabhekeki nak'bhekek'! Ay' wo, mekle! Ay' wo, mekle!
7	**ngubani lo?**
	Ngubani lo ? NguNdendezana! Uze kuba? Uze kuNdende! Ndende ni? Ndend' akhweze! Akhwezeni? Akhwez' aphendule! Aphenduleni? Aphendule gabe! Gabe ni? Gabe mkhusu! Mkhusu ni? Mkhus' unenongwe! Nongwe ni? Nongwe gele! Gele ni? Gele nkukhu! Nkukhu ni? Nkukhw' ineqanda! Qanda ni? Qanda mdoli! Mdoli ni? Mdoli muntu! Muntu ni? Muntu' umvuk' evungwini avul'isival' Aqond'emanzini nomcelekeshana, Asus' uhlakahla luqhiliz' amehlo! Qhili qhili! VG
8	**isidwaba**
	We mfaz' ongapheshey' Uthi `bhu bhu´ ni na? Ngithi `bhu bh'´ isidwab' Isidwaba yini na? Ngumlam' lo `fecez'

	uMalamb’ adl’ ubulongw’ ashiyel’ ubhejan’ uBhejan’ akanandab’ indab’ inoVoyoy’! Zilande Voyoyo! … …
9	**phansi**
	Isiqubulo esasikhuzwa lapho kuvivwa, kuyiwa empini: Ayihlale phansi! Ibamb’ umthetho! Ayihlale phansi! Ibamb’ umthetho! Hlala phansi! Sengihleli! Hlala phansi! Sengihleli! Hlala phaaaaaaansi! SM
10	**ngubani ongangithinta**
	Uma kuqhuthwa isidwaba kuthiwa: Ngific' impunz’ ensimini kwethu idl' umgwenya. Ngathi ngiyacela, yath' akusikh' okwami, Ngokwezalukazi, zon' ezidl' ub'chopho Bezimv' ezindala. Wela, siwele, siy' eNgilandi, kwabamhloshan' abagqok’ ezimlandela. Landela, mlandeli! Nguban' ongangithinta, ngihamba nomngan' wami, kunguye, kuyimi? Xhawula ngegeje, mntakweth’ amaswidi yisimanqa! VG
11	**uKholo kaNkoviyo**

	UKholo kaNkoviyo (uyaculwa) Washo Kholo kaNkoviyo ke. Uphetheni ngomlomo?, Upheth' amas' omntwana. Uwasaphi na? Uwasa kuZangcenge, UNgceng' omncinyane. Athi dididi! Ame ngeguma lakwamnewabo. Ath' umnewabo Mana laph' endlini. Abuy' angene. Babahlabis' ucilo. Ucilo bayamala. Baqond' imvubu, yon' enyam' enkulu, badle, baphelele, noNtembuzane vosho, Ntembuzane vosho! VG
12	**isithunzi sami**
	Nginqekuzis’ ikhand’, anqekuzis’ ikhanda. ngigxume kabil’, agxume kabili. Ngibeth’ izandl’, abeth’ izandla. Ubani yena lowo? Nguy’ uS’thunz’ umfan’ omncan’, uMalingiselan’! RK
13	**isicathulo**
	Mina ngiy’s’cathul’ Mina ngiy’s’cathul’ Bonke abant’ banyathela ngam’ Bonke abant’ banyathela ngam’ Manje seng’gugil’! Senginje! Senginje! Senginje RK
14	**uNano**
	Uyaphi we Nano? Ngiyobolek’ uphond’ Uphondo lokwenzan’? …

	RK
15	**ngubani loyaya**
	Ngubani loyaya? Umunt'! Wenzani laphaya? Umb' umuth', asuk' ahlal', amb' umuth' owatshalwa nguyis'. Uyis' uyathakath' uyathakath' uyathakath' uyis'uyathakath'! RK
16	**phaya phaya**
	Phaya phaya kulez'ya ndongwana kuhlez' othishela, bayafundekela. Thath' ezakh' i'nswazi siy' obashaya Nswi nswi gho gho! Nswi nswi gho gho! Shaya thishela, shaya thishela. Kwash' ixhegu ledlula ngendlela lathi shaya thishel'!
17	**webuya hobhe**
	Webuya hobhe uyob'uphetheni? Ngiyobe ng'pheth' inja. Uyoy' osela phi? Ngiyoy' osel' endle. Ekhaya kunani? Ngesab' obaba, bazongephuca, besul' izindevu zomnt' omdala. Mina ngiyazesaba zinjengoVoyoyo, ehlez' efusini, eqhobonyeka, ethi "maye, maye kazi ngoshona phi? Ngoshona kobaba eMgungundlovu bang'ph' ucwecwe lwakwaMasasasa. Masasasa, vuka! Ngivuke njani? Ngibulwe nje

	Ngabafana nje bakwaThabede! Thabede muphi? Yena lo ’senhla, shay’ inkomo le idundubale ngokhalo lukaTshivo! Tshivo mlomo Msila wenja uyanuka uthi mh mh mh uthi mh mh mh!
18	**hebe**
	Hebe, uSuthu! Babengaphi ? Babengapha Thina s’ngapha. Kwaf’umuntu, wathi khilikithi
19	**mntwana**
	Oya, mntwana! Unyok’ akekho Uyotheng’ amasi Angishaye ngawo Ath’ adliwe yimi Edliwe yinja Emabalabala …
20	**we selesele**
	We selesele, wadl’ amas’ ami, wawabek’ ethala, wasusuka wathi gxu, gxu, gxu!
21	**woza we mvula**
	Woza we mvula, uzosithela we ngaw`amaconsi abandayo qha. Siyakuthanda thina bantwanyana uma sidlala

	ucabhayiyane Co! co! co! co! Umoya uyasitshela um’ usuzofika kugcwal’ im’fula kugcwal’ izihoshana Siyowelaphi no? Solal’ ezihlahleni, Sidl’ iz’ndoni …
22	**nanso inswempe**
	Nay’ nswempe! Nay’ nswempe! Biz’ izinja Biz’ izinja Zay’bamba Zay’bamba O, yaphunyuka! O, yaphunyuka!
23	**imfene**
	Nans’ imfen’ emthini! Nans’ imfen’ emthini! Iyaziqhenya, Amazinywana, Izihhewana! Hho, suka, mnx!
23	**inyosi**
	Yabubuz’ inyosi! Izinyosi! Uyibonile shi? Ingene phi shi? Emgodini shi! Wamajuba shi!
24	**sadl’ inkawu**
	Sadlani, sadlani zinsizwa? Sadl’ inkaw’ Is’lwan’ esikhul’ es’ndiza phezul’; sadl’ inkaw’!
25	**sisho ngempi**

	Shono wethu! Sisho ngempi, uSikiza, UHhehhe. Sisho ngempi!
26	**amdokwe**
	Amdokwe! Amdokwe! Amabele avuthiwe Ahlanzele! Sondelani sizoxoxa, Sizohleka, Sizodlala! Amdokwe!
27	**isigwegwe**
	Ngathi ngihamba endleleni eyisigwegwe ngacosha ngozuka oyisigwegwe, ngathenga ikhekhe eliyisigwegwe, ngaliyis' ekhaya, ngashayw' ekhaya ngenduk' eyisigwegwe!
28	**zinsimbi**
	Ngaphuma la? Zinsimb'! Ngangena la? Amaketang'! Manje pho? Ngizothi phulukundlu! Phulukundlu! Phulukundlu!
29	**unyoko**
	Uph' unyoko? Vinqo! Usel' ekhaya! Vinqo! Usaleleni? Vinqo! `lunywe y'mbongolo!

	Vinqo! Imlume phi? Vinqo! Esinqeni! Vinqo! Sinqe sinjani? Vinqo! Simadengele! Vinqo! Sawubona, khanda lentulo Gay' isicaba somphothulo Nkomo zobuya (gqi!) eMaMpondweni, Vinqo! VL

IZIDLALISWANO IMILOLOZELO NEZIQUBULO
ziqoqwa
nguBheni wakwaKhumalo eBaQulusini

- ubanjiswano olusaqhubekayo –

uBanjiswano lokuKhuthaza ukuKhulunywa nokuBhalwa kwesiZulu eMphakathini

>> isiZulu/Deutsch

2009